


NguMongameli uThomas S. Monson



Isipho sokuPhenduka

UMongameli uThomas S. Monson wafundisa wathi: “Kungumthwalo wethu ukuthi singakuvumeli ukufana neningi kodwa kufanele siwacije amakhono ethu, singakuvumeli ukwehluleka kodwa siphumelele,” “Umsebenzi wethu ukuthi sibe ngcono kakhulu kunalokhu kade siyikho. Esinye sezipho ezinkulu kakhulu zika Nkulunkulu yinjabulo esiyithola ngenxa yethuba lokuphinde sizame futhi, ngokuba ukwehluleka empilweni akufanele kube yisiphetho.”¹

Kuvamisile ukuthi uma kuqala unyaka omusha sizibekele izinto esifisa ukuzifeza empilweni. Sivamise ukufuna ukwenza kangcono, senze okusha, sizame futhi. Mhlawumbe okuyiyona ndlela ebalulekile kakhulu esinga phinde sizame ngayo wukuthi samukele ezinhliziyweni zethu lokho uMongameli uMonson akubiza ngokuthi “yisipho sokuphenduka.”²

Kulokhu okulandelayo okucashunwe ezimfundisweni zakhe selokhu aba nguMongameli weBandla, uMongameli uMonson useluleka ngokuthi “senze igazi elihlawulayo likaKristu lisebenze ukuze sithole ukuthethelelwa kwezono zethu, futhi nezinhliziyiyo zethu zicwebiswe.”³

IsiMangaliso sokuThethelelwa

“Sonke siwenzile amaphutha. Uma kungenzeka ukuthi asikawalungisi lawo maphutha, ngiyaniqinisekisa ukuthi ikhona indlela yokukwenza lokho. Leyondlela ibizwa ngokuthi wukuphenduka. Nginyaninxusa ukuba niwalungise amaphutha enu. UMSindisi wethu wafela ukuthi asiphe lesi siph. Nakuba indlela ingelula, kodwa isethembiso sikhona ngempela: ‘Noma izono zenu zibomvu kakhulu, ziyakubamhlophe njengeqhwa’ [Isaya 1:18]. ‘Futhi mina, iNkosi, angibe ngisazikhumbula’ [iMf&V 58:42]. Musa ukubeka ukuphila kwakho kwaphakade engcupheni. Uma wonile, uzosheshe

ukuthole ukuthula nenjabulo elethwa yisimangaliso sokuthethelelwa, uma ubuyela emuva masinyane.”⁴

Buyela Endleleni

“Nakuba kubalulekile ukuthi sikhethe ngokuhlakani-pha, kukhona izikhathi lapho sizokwenza khona ubuwula. Isipho sokuphenduka, esisilethelwe nguMSindisi wethu, sisiza thina ukuba sikwazi ukulungisa isimo sendlela yethu, ukuze sikwazi ukubuyela endleleni ezosiholela kuleyo nkazimulo yesilestiyali esiyifunayo.”⁵

Indlela Ebuyela Emuva

“Uma ekhona kini okhubekile endleleni yakhe, ngiyaniqinisekisa ukuthi ikhona indlela ebuyela emuva. Leyondlela ibizwa ngokuthi wukuphenduka. Nakuba lendlela inzima, insindiso yakho yaphakade incike kuyo. Kungebe kuhle yini ukuthi uyenze imizamo ngalokhu? Ngiyakunxusa ukuba njengamanje uthathe izinyathelo ezidingekayo ukuze uphenduke ngokuphelele. Uma ukwenza lokho masinyane, uzosheshe ukuzwe ukuthula nesiqiniseko u-Isaya akhuluma ngakho [bheka kuIsaya 1:18].”⁶

Abantu Bangaguquka

“Kufanele sikhumbule ukuthi abantu bayakwazi ukuguquka. Bayakwazi ukushiya ngemuva imikhuba emibi. Bayakwazi ukuphenduka uma bonile. Bayakwazi ukuzigcina befanelekile ebuphristini. Futhi bayakwazi ukuyisebenzela iNkosi ngokuzinikela.”⁷

Yiba Ngohlazekile Futhi

“Uma kukhona okungalungile empilweni yakho, ikhona indlela yokuphuma.” Pheza kukho konke

ukungalungi. Khuluma nombhishobhi wakho. Zonke izinkinga zingalungiseka ngokuphenduka okufanele. Ungaba ngohlanzekile futhi.”⁸

Indima Ebalulekile Edlalwa NguMsindisi

“Obaluleke kakhulu kulelisu [lensindiso] nguMsindisi wethu, uJesu Kristu. Ngaphandle komnikelo Wakhe ohlawulayo, kwakuyo lahleka konke. Kodwa-ke akwanele ukukholwa Kuye nokuthunywa Kwakhe kuphela nje. Kufanele sisebenze futhi sifunde, sifune futhi sikhuleke, siphenduke futhi senze kangcono. Kufanele siyazi imithetho kaNkulunkulu futhi siyiphile. Kufanele sithole izimiso Zakhe ezisindisayo. Siyoza injabulo yangempela kuphela uma senza lezi zinto.”⁹

IMITHOMBO OKUTHATHWE KUYO LE MFUNDISO

1. “The Will Within,” *Ensign*, ngo Meyi 1987, 68.
2. “Choices,” *Liyahona*, ngo Meyi 2016, 86.
3. Mosiya 4:2
4. “The Three Rs of Choice,” *Liyahona*, Nov. 2010, 69.
5. “Choices,” 86.
6. “Keep the Commandments,” *Liyahona*, Nov. 2015, 85.
7. “See Others as They May Become,” *Liyahona*, Nov. 2012, 68.
8. “Priesthood Power,” *Liyahona*, Meyi 2011, 67.
9. “The Perfect Path to Happiness,” *Liyahona*, Nov. 2016, 80–81.

IMFUNDISO EVELA KULOMYALEZO

Sonke asikapheliswa—singahlanzwa esonweni futhi sizenze ngcono izimpilo zethu kuphela ngesipho sokuphenduka esisithola ngomnikelo owenziwa ngu Jesu Kristu. Ake ucabange ngokuthi ukhulume nalabo obafundisayo mayelana nokuthi singenza kanjani ukuthi “silungise isimo sendlela yethu” ngokuphenduka. Kuba-size kanjani ukuthi bazizwe besondele kuBaba wethu oseZulwini no Jesu Kristu ngenxa yezinguquko ezinhle abazenzileyo ezimpilweni zabo na? Bacele labo obafundisayo ukuthi ke babhale phansi ngezinqumo abazithathileyo zonyaka omusha ngokuphathelene nezinto zomphefumulo, bese behlela nomngani, noma lowo abashade naye, noma lowo oyilunga lomndeni ukuthi baphendule kuye ngokuthi baqhuba kanjani.

INTSHA

Thatha Isinqumo Sokuphenduka

UMongameli uMonson uyachaza ukuthi “kungumthwalo wethu ukuthi singakuvumeli ukufana neningi kodwa kufanele siwacije amakhono ethu, singakuvumeli ukwehluleka kodwa siphumelele. Umsebenzi wethu ukuba sibe ngcono kakhulu kunalokhu kade

siyikhoKufanele sakhe isimilo esihle kakhulu kithi.” Kuvamisile ukuthi abantu ngenyanga ka Januwari bathathe izinqumo zokwenza okungcono ezimpilweni zabo: njengoku mamatheka njalo, ukudla ukudla okunempilo, noma ukufunda ikhono elisha. Nakuba ukuthatha izinqumo ezinjena kungamsiza umuntu ukuba enze kangcono empilweni, kodwa singenza ushintsho oluhle kakhulu ngokuphenduka.

Nakuba ukuphenduka kungaba nzima, kodwa kuyisipho! Singakwazi ukuphenduka ngempumelelo uma sibeka ithemba ku Jesu Kristu. UMongameli uMonson wathi: “Obaluleke kakhulu kulelisu [lensindiso] nguMsindisi wethu, uJesu Kristu. Ngaphandle komnikelo Wakhe ohlawulayo, kwakuyo lahleka konke.” Ngokuphenduka, ungalanzwa zisuswe zonke izono zakho futhi ukwazi ukukhula uze ufane Naye.

Ake ucabange ngalokho okukuvimbelayo ukuthi ufane noMsindisi. Ngabe wulimi lwakho na? Ubaphelethe kanjani abangani noma abomndeni wakho na? Uma usucabangile ngalokho ongakulungisa, khuleka kuBaba oseZulwini umazise ngesifiso sakho sokwenza ushintsho. Ukhumbule ukuthi ngamandla eNhlawulo Yakhe, uJesu Kristu angakusiza ukunqobe bonke ubuthakathaka bakho. Njengoba uMongameli uMonson asifundisa, “Isipho sokuphenduka, esisilethelwe nguMsindisi wethu, sisiza thina ukuba sikwazi ukulungisa isimo sendlela yethu.”

Nakuba singasizakala ngokuzibekela izinjongo ezithile zonyaka omusha, singenza ushintsho oluhle kakhulu ngokuphenduka.

Bheka futhi isihloko esithi “Eight Myths about Repentance” ku lds.org/go/1186.

ABANTWANA

Ukuphenduka Kuyisipho

Isipho sokuphenduka akusona isipho ongakwazi ukusibona noma ongasithinta. Esikhundleni salokho, yisipho ongasizwa. Lokhu kusho ukuthi uma senza iphutha, singapheduka bese sizwa ukuthula nenjabulo futhi.

UBaba wethu oseZulwini no Jesu Kristu bazohlezi besisiza njalo ukuze sikwazi ukuphenduka. Ake udwebe isithombe esizohambisana nalezi zindlela zokuphenduka. Siyadabuka.

Sikhuleka kuBaba oseZulwini, simtshele ukuthi kwezakeni, bese sicela usizo Lwakhe ukuze senze kangcono ngokuzayo.

Sicela uxolo bese sizama ukulungisa lokho okonakele. Sizwa ukuthula bese sazi ukuthi sesixolelwe.



Ukholo, Umndeni,
Inkululeko

Hlala Ubonana Naye Noma Kunini, Noma Kuphi, Nanoma Yingayiphi Indlela

Ukufundisa ngokuvakashelana kuwuku sebenzela. UJesu wayeba sebenzela abanye noma kunini futhi noma kuphi. Nathi singakwenza lokho.

Uku “sebenzela” kuwuku nika usizo, noma ukunakekela okwezisa umuntu ahlale ngokunethezeka noma ngenjabulo. Ukufundisa ngokuvakashelana kuwuku thola izindlela esingaba sebenzela ngazo labo esibavakashelayo. UJesu Kristu wayebasebenzela bonke—noma kunini futhi noma kuphi. Izinkulungwane ezinhlanu zabantu waziphakudla, waduduzisa uMariya no Marta ngesikhathi kufa umfowabo, waphinde wafundisa ivangeli Lakhe kowesifazane ngase mphongolweni wamanzi. Wakwenza konke lokho ngenxa yothando Lwakhe lweqiniso.

Ngokulandela isibonela Sakhe, thina njengothisha abavakashelanyo singakwazi ukuthi sibazi kahle odade esibavakashelayo futhi sibathande, sikhumbula ukuthi uthando luyisi sekelo sakho konke esikwezayo. Uma sikhulekela ukuthi sazi ukuthi singamsiza kanjani udade ukuthi luqine ukhlo lwakhe, “izingelosi azisoze zivimbeleke ukuthi zihlanganyele nathi.”¹

Selokhu kwaqala iNhlangothi Yosizo ngonyaka ka 1842 kuze

kube namhlanje, ukusetshenzelwa kwabesifazane sekwenze ukuba babusiseke kakhulu. Njengesibonelo salokhu, uJoan Johnson, ongumfeloqazi oneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili nambili ubudala, nomlekeleli wakhe, bavakashela umakhelwane wabo oneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili nesishiyagalolunye ubudala noguliswa wumkhulane omubi phecelezi inyumoniya. Ngokubona ukuthi umakhelwane wabo wayengabadingi kanye nje ngenyanga, baqala ukubona njalo ngesonto noma bamthinte ngocingo.

Abanye odade bangasizakala kakhulu uma bethunyelwa imiyalezo yokubakhuthaza nge-imeyili noma ngocingo ngaleyo nyanga yokubavakashela. Ukufundisa ngokuvakashelana kwenziwa kahle ngothando nangokuxhumana nalabo abafundiswayo. Lokho okusetshenziswayo namhlanje ukuxhumana nabanye kungasi siza ukuthi sibasebenzele odade noma kunini, noma kukuphi, nanoma yingayiphi indlela.²

Ukwenza njalo kuwuku sebenzela njengoba noJesu ayenza.

IMITHOMBO OKUTHATHWE KUYO LE MFUNDISO

1. *Teachings of Presidents of the Church: Joseph Smith* (2007), 454
2. *Bhaka iHandbook 2: Administering the Church* (2010), 9.5.1.

Ake Ucabange Ngelokhu

Singenza kanjani ukuthi siyeke ukuhlezi sicabanga ngokuthi “yini efunekayo” uma sivakashelana, kodwa esikhundleni salokho sigxile ekutheni yini edingwa ngudade ngamunye na?

Ukusebenzela

Njalo ngenyanga, esikhundleni sokuthi kube khona imfundiso ethile kuleli khasi, sekuzoba khona umgomo othile esizowulandela ozosisiza ukuthi sisebenzela kangcono. Ngomkhuleko, uzokwazi ukuthi yini okufanele ukhulume ngayo ukuze asizakale udade omvakashelayo.